

**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA
NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES
MCHUNU ENKONZweni YESIKHUMBUZO EMTSHEZI NGOLWESINE
MHLAKA 25 AUGUST 2011**

Abaphathi bohlelo;
Amalungu esiShayamthetho akhona;
IMeya yesiFunda uThukela;
IMeya yomkhandlu waseMtshezi;
Abefundisi;
Izinhlaka zembali yezokuthutha umphakathi iKwaNabaco neSantaco;
Abamele abezokuthuthwa kwempahla;
Abemele ezokuThutha e-Eastern Cape;
Abezindaba;
Ngokukhethekile ngibingelele imindeni yabasishiyile ekwazile ukuba lapha;
Bese ngibingelela umphakathi wonke;
Ngithi ngiyanibingelela egameni leNkosi yethu uJesu Kristu.

Siyabonga ukuthola leli thuba ukuba kesiphefumule nathi singuMnyango
wezokuThutha noHulumeni wesifundazwe esimweni esibuhlungu kangaka
esilokhu sikhungethe isifundazwe kanye nezwe lethu jikelele.

Siyabonga kakhulu kinina nonke enilapha ukuthi nikwazile ukuphumelela
ekubeni yingxenye yale nkonzo nathi esiyihlele ngokuxakwa yisimo esibona
senzeka emigwaqeni yethu, ikakhulukazi selokhu kuqale le nyanga ka-
August.

Kuyishwa futhi kuyadabukisa kakhulu ukuthi namhlanje sisenkonzweni
yesikhumbuzo yesithathu kule nyanga lapho kushona khona abantu
abangaphezulu kwabahlanu ezingozini zomgwaqo. Kuzona zontathu lezi
ngozi sesilahlekelwe ngabantu abangamashumi amathathu nambili (32).

Le ngozi eyenzeke entathakusa yangoMsombuluko elishone elayizolo isidlule nemiphefumulo engu-11 ilandela eyenzeke ku-N2 ngaseMandeni evikini elingaphambili edlule nemiphefumulo engu-11, nayo leyo ibilandela eyenzeke ngaseKostad edlule nemiphefumulo eyishumi.

Lapha ngikhuluma ngezinhlekelele ezibandakanya abantu abangaphezulu kwabahlanu kuphela, kodwa siyazi ukuthi usuku nosuku ziyakhishwa izibalo zabantu abasishiya ezingozini zomgwaqo.

Uma sihambele izinkonzo ezinjengalena-ke siye sikhulume kakhulu ngokubaluleka kokushayela ngendlela efanele. Siye size sigcizelele nako ukuthi okusempeleni izingozi zomgwaqo zenziwa ngamaphutha abantu asuke engagwemeka.

Okunye esikuqaphelayo ngukuthi njengoba isifundazwe sethu sinemigwaqo esetshenziselwa ukudlulela kwezinye izifundazwe, lokhu kubuye kwenze nzima nomsebenzi wethu wokuqwashisa ngokuphepha emgwaqeni ngoba abanye basuke bedlula nje kungebona abahlali balapha.

Siyabona-ke ukuthi lena ngenye inselelo esibhekene nayo yokuba sisebenzisane nalezi zifundazwe ekubhekeni amasu angasisiza sonke ngokuhlanganyela. Vele ekugcineni abantu ngabaseNingizimu Afrika eyodwa futhi balawulwa yimithetho yokusebenzisa umgwaqo efanayo, ngakho-ke akumele kube nengozi ezodaleka ngoba umuntu engeyena owesifundazwe esithile.

Kodwa-ke engithanda ukudlula kukona lapha wudaba lwemboni yamaloli, ikakhulukazi lawa ahamba amabanga amade. Kusekuningi okumele kulungiswe kule mboni ngakwezokuphepha emgwaqeni.

NgoLwesihlanu olwedlule bengimenywe yizinkampani zamaloli emcimbini obuseShongweni eHillcrest, lapho bebezobophezela khona ukuthi bazongena bathi shi embhidlangweni wokulwa nezingozi zomgwaqo ezidalwa ngamaloli wabo.

Bazisholo bona ngokwabo ukuthi ohlelweni abasanda kulwenza kuzwelonke ngokubambisana namaphoyisa omgwaqo bathole izinga eliphezulu kakhulu lamaloli afeyilayo uma ehlolwa isimo sokulungela ukuba semgwaqeni, bathi bayabona nokuthi lokhu kubeka imboni esithombeni esibi kakhulu.

Bathi kunabanikazi bamaloli abajaha imali eza ngakubona bangabe besafuna ukuyikhipha uma sekufane kulungiswe izinqola zabo. Bafike bangazikhandi izinto ezinjengamabhuleki, balayishe ngokweqile, okusibulalela imigwaqo yethu, baphinde baholele abashayeli ngokohambo abalwenzile.

Lokhu kokuholela ngohambo kudala ukuthi abashayeli bagijime, bangalali ngoba befuna ukwenza imali engcono. Noma kusaphenywa ngembangela yale ngozi esihlanganise lapha kodwa yizimo ezinjengalezi esizibalayo eziholele ezingozini ezifana nalena.

Sikubongile-ke ukuphumela kwabo obala bakhe ukubambisana noHulumeni embhidlangweni wokuphephisa abantu bakithi emgwaqeni. Kodwa esikubonayo yiko ukuthi kuzomele sisebenze ngokuhlanganyela nazo zontathu izinhlaka zamabhasi, amatekisi namaloli athutha impahla ukuze siye phambili ngesikhathi esisodwa.

Lokhu kuzolekelela nasekufezekiseni izinqumo zengqungquthela yezokuphepha emgwaqeni ebihlelwe uMnyango wezokuThutha KwaZulu-Natal ngoMarch walo nyaka lapho besibheka izindlela ezingasiza ukuba sibhekane kangcono nezinsalelo emigwaqeni yethu.

Phakathi kwezinqumo ezithathwe kuleyo ngqungquthela kuthiwe:

- Imithetho kumele iqinise njengoba izephula-mthetho zithola izijeziso ezincane;
- UHulumeni kumele abheke ukusungulwa kwezinkantolo zamacala omgwaqo ukuze kubhekwane nezaphulamthetho ngokukhulu ukushesha;
- Kumele kuqinise izifundo kwezokuphepha kanye nemikhankaso yezokuphepha emgwaqeni emiphakathini;
- Kunesidingo sokuba kuqinise ukulawula ngomthetho izikhungo zokufundela ukushayela;

Ngemuva kwalokhu, njengoHulumeni waKwaZulu-Natal sibuye sethula ikomiti le-Integrated Traffic Law Enforcement Committee (ITLEC) elibhekene nokunqandwa kwezingozi kanye namacala okuyiwona aholela ekufeni kwabantu kulesi fundazwe.

Abahamba phambili kulolu hlelo nguMnyango wezokuThutha namaphoyisa omasipala abehlukene esifundazweni. Leli komiti lihola izinhlelo ezididiyele zokugcinwa komthetho esifundazweni, lenze ucwaningo oluzolekelela ekunciphiseni izinga eliphezulu lezingozi zomgwaqo kanye nokufa kwabantu.

Sifuna ukubona kuqiniswa ukugcinwa kwemithetho yomgwaqo kuzo zonke izindawo kuhlangukisa nezasemakhaya, amalokishi nasemadolobheni. Lokhu kusho ukuthi siyawuqeda lo mkhuba wokuthi siqinise imikhankaso yethu yezokuphepha emgwaqeni ngezikhathi ezithile zonyaka lapho umthamo wezimoto usuke umningi njengamaholide kaKhisimusi nawePhasika.

Sifuna ukuqinisekisa ukuthi sinkanise yonke indawo ngezokuphepha emgwaqeni amahora angu-24 ngosuku, izinsuku ezingu-7 ngeviki no-365 ngonyaka.

NjengoHulumeni kumele siqinisekise ukuthi ukwepfulwa kwemithetho yomgwaqo akuthathwa kancane manje. Uma sisenemithetho evumela umshayeli ophula umthetho womgwaqo abulale umuntu ongenacala, bese kodwa lowo mshayeli abekwe icala lokubulala engahlosile noma akhiphe inhlawulo – kuyacaca ukuthi lowo mthetho udinga ukubhekisiswa. Akumele sivumele ukungahlonishwa komthetho okulahlekisela abantu ngezimpilo zabo kulimaze nomnotho wethu.

Kuleya ngozi yaseKokstad nje umshayeli wetekisi eyenza ingozi ugcine abezokushushisa bembeke amacala ayishumi okubulala hhayi okubulala engahlosile.

Nakuzwelonke uMhlonishwa uDkt Sbu Ndebele bamatasa bafuna ukufaka ingcindezi yokuthi umuntu odale ingozi yabulala umuntu kubhekwe ukuthi ngeke yini abekwe icala lokubula ngqo uma kutholakala ukuthi ubudedengu bakhe.

Sihlale sigcizelela-ke ukuthi kunezinto ezivamile eziholela ezingozini ezweni lethu, kuhlanganisa nesifundazwe sethu esihle, ngeshwa esesinegama elibi lokubulala abantu abaningi kunezinye izifundazwe, noma ngabe kungenxa yengculazi, ubugebengu noma izingozi zomgwaqo.

Izinto ezibonakala zihamba phambili ekudaleni izingozi yijubane, ukushayela uphuzile, izimoto ezingekho esimweni esifanelekile sokuba semgwaqeni, kanye nemikhutshana eyenziwa ngenkathi umuntu eshayela, njengokungafasi ibhande, ukukhuluma kwi-cell phone ushayela, nokulayisha ngokweqile.

Manje-ke, njengamalungu omphakathi kubalulekile ukuba sizigqugquzele ngamunye ngamunye nanjengomphakathi wonkana ukuba sibambe iqhaza ekulweni nezingozi zomgwaqo. Sithi izingozi azizenzekeli kodwa ziyenziwa, kanti ukuzigwema kungumsebenzi okumele siwubambisane sonke.

UMhlonishwa uNdebele uhlale ethi “abaphilayo yibona abavala amehlo abangasekho bese kuthi abangasekho bavule amehlo abasaphilayo”.

Ngakho-ke lezi zigameko ezisehlelayo zisivula amehlo ngezinto ezenzeka emigwaqeni yethu. Yingakho-ke sisebenzisa le nkonzo yesikhumbuzo njengenkundla yokunimema nonke lapha ukuba nikhombise ukuzibophezela kwezokuphepha emgwaqeni ngokuba nesekele umkhankaso wethu.

Masivumelane sonke ukuthi namhlanje sakha ubambiswano oluzosithatha lusibeke esikhathini samaholide kaKhisimusi nangemuva kwawo. Noma ngabe ungumshayeli noma ungumgibeli, sithi sizoziphatha ngendlela sihloniphane emgwaqeni.

Egameni likaHulumeni waKwaZulu-Natal sifisa ukududuza imindeni yabo bonke abasishiyile. Siyazi ukuthi kukhona asebehlonziwe ukuthi bangobani kodwa abanye kusazanywa ukuthola izihlobo zabo. Siyazi futhi ukuthi awekho amazwi anele ukuvala isikhala somuntu, ikakhulukazi emndenini okufana nokuthi kuxebuke inyama uqobo.

Kodwa siyanxusa ukuba niqine nisukume nithi kusuka manje yinina esenizokuba ngamanxusa ezokuphepha emgwaqeni ukuze okunehlele kungaphindi komunye.

Ngiyabonga